4G 41% 18:06

15 July 2021

UKUVULWA KWEZITOLO ONDINI NGOKWESIGABA SOKUQALA.

UMASIPALA wasOndini umemezela ukuvulwa kwezitolo zasoLundi ngokwesigaba sokuqala emuva kombhedukazwe wokutapa obekwenzeka esifundazweni iKwaZulu Natal nakwezinye izifundazwe ezinsukwini ezidlule.

Umkhandlu usungakuqinisekisa ukuthi kuzovulwa inxanxathela yezitolo eseThala Centre ne King Senzangakhona Shopping Centre kuphela kusukela kusasa mhlaka 16 July 2021 kuya mhlaka 18 ku July 2021. Lezi zinxanxathela zombili zizovulwa izinsuku ezintathu bese kubhekelelwa ezinye ukuze kunqandwe isiphithiphi edolobheni Ondini. Izitolo zizovulwa kusukela ngo 9 ekuseni kuya ngo 3 ntambama.

Akekho umuntu ozobe elindeleke ukuba ngaphakathi edolobheni kulezi zitolo ezizobe zingavuliwe. Loluhlelo luvulelwe abantu basOndini kuphela. Kunezivimbamgwaqo ezikhona kumanje ezizobe zivimba abaqhamuka kwamanye amadolobha ukuba bengalubhadi Ondini.

Checklist Format Gallery Handwrite

4G 41% 18:06

Kunxuswa umphakathi ukuba ubambisane neziphathimandla zomthetho nalabo abazobe besebenza beqaphe sonke isimo. Kuzobe kubhekelelwa ikakhulukazi abesifazane ukuba kube yibo abazongena kulezindawo zokuthenga. Umuntu ngamunye uzovunyelwa ukuba athenge izimpahla zokudla eziwu - 20 ngamunye. Onke amabhizinisi akulezi zinxanxathela zombili ezibaliwe azovulwa aphinde avalwe ngezikhathi ezibekiwe. Odokotela abazobe bevulile kusasa kumele baqhamuke nohlelo lokuhambisela abantu imithi laba abanezifo ezithathwa njengezibucayi noma bakhe uhlelo lokubasondezela ezindaweni eziseduzane abazokwazi ukulanda khona amaphilisi nemithi kugwemeke imigqa emide edolobheni abantu befuna usizo.

Kubo bonke abaphambana nomthetho bazoboshwa. Kumele kulandelwe yonke imigomo yokuphepha kulesi sifo se Covid-19. Ama renki amatekisi omabili ozobe evaliwe. Itekisi izothulula abantu ihambe, uma sekuhanjwa Itekisi izomenyezwa ama-Rank Manager ukuthi ize ithathe abantu bahambe.

Lesi sitatimende sikhishwe uMasipala wasoLundi kuMnyango WezokuXhumana

Checklist Format Gallery Handwrite